bookdash.org

Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative volunteers to create new African storybooks that anyone can freely print, translate and distribute. Then we work with partners to give those books to preschool children to own.

To find out more, and to download beautiful, open-licensed, print-ready books, visit bookdash.org.

*Izinyosi ZikaBanzi Ezimatasatasa*
*(Banzi's Busy Bees)*
Illustrated by Danielle Shay
Written by Siphosethu Siwaphiwe Zazela
Designed by Hannah McDonald
Translated by Busisiwe Pakade
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 20 September 2025.

ISBN: 978-1-997425-55-7

Typeset in Quicksand

**This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/).**

You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use. No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

# Izinyosi ZikaBanzi Ezimatasatasa



Danielle Shay • Siphosethu Zazela • Hannah McDonald


UBanzi noGogo bayathanda ukusebenza engadini.

Ingadi kaGogo inemifino, izimbali kanye nokuthandwa kakhulu nguBanzi – izinyosi!



**"Bzzz-bzzz,"** kusho uBanzi.

"Bzzz-bzzz," kusho uGogo.



"Bzzz-bzzz," kusho izinyosi.



Izinyosi zihlala kobhekilanga bese zibhuza yonke indawo ngesikhathi uBanzi kanye noGogo besebenza engadini.



Sekuyisikhathi sokuba kuhanjwe!

UBanzi uthathazela inyosi ngayinye.

"Nisale kahle zinyosi ezimatasatasa," kusho uBanzi.




"Bzzz-bzzz," kusho izinyosi.

Ngemuva kwezinsuku ezimbalwa, uGogo kanye noBanzi baya ukuyobheka engadini.

Azisekho izinyosi.

Nezimbali sezinyamalele!




**“We! We! We!”** kusho uBanzi.

“Gogo, **azisekho** izinyosi!”



“Mamo!” kusho uGogo.

“Ungakhathazeki, **ngineqhinga lomlingo** lokuzibiza ukuthi zibuyele la!”




**“Mmm… umlingo!”** kusho uBanzi.

“Okokuqala, sidinga ukutshala izimbali ezintsha,” kusho uGogo.



“Sizobe-ke, sesishiya ibhakede lamanzi engadini.”



UGogo kanye noBanzi batshala imbewu kabhekilanga bese beshiya ibhakede lamanzi engadini.



Ngaphambi kokuthi bahambe, uGogo uma maphakathi nengadi, bese ephakamisa isandla sakhe sesokudla ethi:

**"Zinyosi, ezimatasatasa kakhulu. Zinyosi, ezimatasatasa kakhulu, buyelani kuBanzi!"**

**"Zinyosi, ezimatasatasa kakhulu. Zinyosi, ezimatasatasa kakhulu, buyelani kuBanzi!"**

Kuhlebeza uBanzi ngemva kukaGogo.





UBanzi kanye noGogo
babheka okwenzeka
engadini nsuku zonke
kuze kuphele isonto.

Akukabi bikho lutho.



Akukabi bikho lutho.



Sezibuyile izinyosi!

UBanzi kanye noGogo bayahleka ngesikhathi izinyosi zidansa zisuka kwenye imbali ziya kwenye.



